☎ +27 10 446 6723
565 Nupen Cr MIDRAND 1685
PO Box 2588 HOUGHTON 2041
www.mihr.co info@mihr.co

Uyabingelelwa lilanga lesikhwama sakwa-SA Canegrowers 14/11/2023
Pre-Email kanye ne-Link ye-SMS

**UKUQINISEKISA UBUDLELWANE BE-FEDGROUP NJENGE-UNDERWRITER YOMASINGCWABISANE WAKA-SA CANEGROWERS.**

Ukuqhuba kumyalezo esakuthumela wona mhlaka 5 October 2023, siyajabula ukukwazisa ukuthi ngokubambisana, nangegunya esilinikwa yinhlangano u-SA Canegrowers Association, Fedgroup isiqokiwe njenge-Underwriter entsha kumasingcwabisane waka-SA Canegrowers kusukela ngomhla zingu-8 November 2023.

Loluguquko lokusebenza ne-Fedgroup luzokwenzeka ngaphandle kwencindezi emalini ekhokhwa ngabalimi namalunga, futhi kunyuke nenzuzo, nokusebenza kukamasingcwabisane kube ngcono kunakuqala. Ukufezekisa lezinhlelo, ngale kokuvala isikhala sika-Guardrisk ngu-Fedgroup njenge-Underwriter, zonke ezinye izinhlelo zokusizakala zizoqhubeka zenziwe yizinhlaka ebesivele sizebenzisana nazo kepha ngokohlelo olusha.

I-Fedgroup isilibambile iqhaza elikhulu kwezomshwalense, sebeneminyaka engu-30 bekulomkhakha futhi basilekelela kakhulu mayelana nokunyuka kwenani lenzuzo kulesi sikhwama.

Ukukhulisa ingxenye yezokululeka ngokwezezimali, i-Fairbairn Consult (Pty) LTD ebhalise ngokusemthethweni nge-FSP 9328, isiqokiwe njengabaluleki bezezimali kulomasingcwabisane. U-Donovan Walker, usenolwazi olukhulu kwezokulekelela amakhasimende, useyaziwa kakhulu ngamalunga alomasingcwabisane, nguyena ohola lenkampani Zenzele Financial Services (Pty) Ltd, ungummeleli ogunyaziwe ngu-Fairbairn Consult. U-Mihr uyakweseka ukubambisana nenhlangano u-Zenzele Financial Services, ukuqinisekisa kokusizakala kwamalunga.

Loluhlelo olusho luzoweseka kakhulu umasingcwabisane ukufeza inhloso yokwakha amandla ukulekela abasebenzi, nabaluleki baka-SA Canegrowers esibambisene nabo kulesi sikhwama, nokukhulisa ulwazi lwabo kulomkhakha wezezimali.

U-Mihr uzoqhubeka ukweseka lesi sikhwama ngokusingatha, ezokuqinisekisa umthetho, ukuqapha ukuphuma nokungena kwezimali, kanye nolwazi ngezobuchwepheshe.

Lesi sikhwama sizoqhubeka ukwaziwa njengomasingcwabisane waka-SA Canegrowers Association, futhi ingxenye eningi yomkhiqizo ayizushitsha. Ukusingatha kwenziwe kwaba lula ngokususa izigaba zobulunga nokuhluka kwazo, ukuze amalunga avuleleke kuyo yonke imikhiqizo ekhona kulesi sikhwama. Sifakile ipheshana elichaza ngenani nemikhiqizo ekhona.

Angeke ulindeleke ukugcina izikhathi zokulinda kabusha njengoba kunalolushintsho.

Sibonisene ngalokhu okulandelayo nokujabulisayo ngomasingcwabisane:

- Inani olikhokhayo lizokwehla ngo 5% kwizinhlelo eziningi ngaphandle kuka Salabedla ngoba wona uzokwehla ngo 3.7%. Ipheshana elichaza ngamanani lifakiwe.
- Kuzo zonke izigaba zobulunga, umuntu omdala okhaviwe usezothola ne-Voucher ka-R2000, kanti umntwana yena uthola i-Voucher ka-R1000. Le-Shoprite Voucher uyithola ngesikhathi ufaka isicelo sokushonelwa yilunga lalesi sikhwama noma ilunga lomndeni elikhaviwe kulesi sikhwama.
- Uhlelo lokuthuthwa komzimba seluzoba seluzotholakala mahhala kuwo wonke umuntu okhaviwe kulesi sikhwama, lokhu kusebenza kumuntu ongaphakathi kwemincele yase Ningizimu Afrika (SA), futhi ibanga kumele libe ngaphezulu kuka 100km ukusuka lapho eshonele khona umuntu nalapho azofihlwa khona.

Ukuzuza okwehlisiwe ngokohlelo lwe-Underwriter entsha wukuthi umuntu emunye akasavumelekile ukukhavwa ngemali engaphezulu kuka-R100 000. Nokho bancane kakhulu abathintekayo kulokhu futhi bazothintwa mayelana nakho.

Ukuqikelela imithetho nemigomo evikela abanikazi bama-Policy kulesi sikhwama, bonke abaqashi namalunga esinemininingwane yabo yokuxhumana, bazokwaziswa ngalolushintsho namalungelo ngama-Email, nangama-SMS, nokuvakashelwa emsebenzini nasemihlanganweni. Wonke amalunga azonikezwa ithuba lokugcwalisa amaphepha amasha futhi athole namaphepha aqinisekisa ubulunga.

**Uyaziswa ukuthi yonke imali ekhokhwa ngohlelo lwe-EFT kusukela mhla zingu-1 November 2023 kuzomele ikhokhwe ngqo kwi-Account ye-FEDGROUP. Sifakile imininingwane eqinisekisa ibhange ekumele lisebenziswe. Imali ekhokhwa ngohlelo lwe-Pay@ noma imali ekhokhwa ngezitolo, loluhlelo lusazoqhubeka njengenjwayelo.**

Kukhona uhla lwezinombolo zethu, ungasishayela mayelana nemibuzo noma udinga ulwazi olungaphezulu kwalolu.

Ozithobayo

Rosa Theron
**Chief Executive**